



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2017**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba: (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: 2 x 25 (50)

**QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini A, NEMIBILI esiqeshini B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isibonelo: sebenzisa umdwebo osalulwembu/ifloshadi; amaphuzu asemqoka), phinda ufunde beso ulungisa namaphutha. Amalungiselelo mawabhalwe NGAPHAMBI kokuphendula umbuzo owukhethile.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80  
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)
8. Ungaziguqli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
10. Qaphelisia upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

- 1.1 Bhala indaba enesihloko ozikhethelo sona uphethe ngala mazwi:

Ngiyazesaba izinkundla zokuxhumana.

[50]

- 1.2 Amasongo Akhala Emabili.

[50]

- 1.3 Ubuhle Nobubi Bemfundo Yamahhala Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme.

[50]

- 1.4 Abantu bakuleli sebehlinzekwa ngemishanguzo yesandulela nculazi kungakhatheliki ukuthi amasosha omzimba ehle kangakanani.

Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

- 1.5 Uhulumeni wakuleli wenza konke okusemandleni akhe ukuthuthukisa intsha emakhonweni anhlobonhlobo ukuze izimele.

Luthini uvo lwakho ngalesi sitatimende? Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

- 1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho maybe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

- 1.6.1



[Sithathwe ku-Inthanethi]

[50]

1.6.2



[Sithathwe ku-Inthanethi]

[50]

1.6.3



[Sithathwe ku-Inthanethi]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPU A:****50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu bese ubhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile. Isib.2.1. Incwadi Yobungani.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umzala wakho owenza ibanga lesi-9 useqala imikhuba emibi ekhathaza umndeni.

Bhala incwadi umxwayise ngobungozi kanye nemiphumela engemihle ngalokhu akwenzayo.

[25]

**2.2 ISIBUYEKEZO**

Ningabafundi abenza ibanga le-12 beniyobuka ifilimu lencwadi efundwa kuleli banga, ukuze niyiqonde kahle.

Bhala isibuyekezo saleli filimu.

[25]

**2.3 INKULUMO-MPENDULWANO**

UThishomkhulu ube nengxoxo nomzali wakho kanye nawe mayelana nokungasigcini isikhathi njengoba kubhalwa izivivinyo zokuphela konyaka.

Bhala inkulumo-mpendulwano eveza leyo ngxoxo.

[25]

**2.4 UMLANDO KAMUFI**

Umfundi ebeninaye emkhandlwini wabafundi (RCL) unishiye ngokukhulu ukuzuma emhlabeni. Umndeni wakhe ukucele ukuba uwelekelele ukubhala umlando wakhe.

Bhala umlando kamufi.

[25]

**2.5 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Endaweni yangakini abaholi bomphakathi bahlele umcimbi wabantu abasha wokubungaza usuku lwamagugu. Njengomholi wentsha ucelwe ukuba ube ngomunye wezikhulumi kulo mcimbi.

Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mcimbi.

[25]

**2.6 INCWADI YOMSEBENZI**

Kunenkampani enikeza imifundaze kubafundi abaphumelele ngamalengiso kumatikuletsheni. Le mifundaze ilekelela ukukhokha izindleko zokufunda esikhungweni semfundo ephakeme.

Bhala incwadi ucele umfundaze kule nkampani.

[25]

<b>AMAMAKI ESIQEPHU B:</b>	<b>50</b>
<b>AMAMAKI ESEWONKE:</b>	<b>100</b>